

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

isiZulu / English

| August 2016 Edition 2

2016 Elections gets a nod



South Africans came out in numbers to cast their votes in the 2016 Local Government elections.

SANews

Government is pleased with voting during the 2016 Municipal Elections, which proceeded well.

About 26 million South Africans who registered cast their votes in the 22 612 voting stations situated nationally. This is the fourth local government elections.

President Jacob Zuma said the elections are an indication that South Africa is one of the countries in Africa that is leading in democracy.

"I am pleased our country is a demonstration of how democracy should work," said

the President after casting his vote.

Minister of Cooperative Governance and Traditional Affairs Minister Des Van Rooyen also congratulated the Independent Electoral Commission (IEC) for

delivering yet another election.

"Government applauds the youth, especially the first time voters, for their commitment towards advancing our democracy," said Minister Des Van Rooyen, who is also the chairperson of the Inter-Ministerial Committee (IMC) on Elections.

Over 75 000 police members deployed at polling stations ensured that elections were held in a safe environment.

Government has encouraged all citizens to work together with those elected to public office to strengthen

local government.

Chief Electoral Officer of the IEC Mosotho Moepya said the country should be proud of the achievements.

First-time voter, Israel Mnisi from Soshanguve in Pretoria, said he was excited to cast his vote.


"I have long been waiting for this moment, it's exciting, now I know that I have voted for my community to get better service delivery," he said.

Another community member, who was excited about the day, was Martha Thusi from Soweto who said voting is about honouring the past and reaffirming the country's democratic future.

"I could not just sit and not vote. We might have challenges as a country but after 22 years of freedom - a lot has been done. In my area for example we have most of the basic services. We have schools, clinics, libraries and shopping malls," she said.

Her only wish was that the new councillor continues with the delivery of services.

Despite these, Thusi acknowledged that there were still challenges facing local government but was also of the view that voting is more effective than service delivery protests. **V**



President Jacob Zuma casting his vote.

Voting in numbers

- Over 73 million ballot papers were printed.
- 4 649 unique ballot papers representing political parties and independent candidates.
- A record of 200 parties and 61 014 candidates contested the Municipal Elections. This was approximately 65 percent more parties and approximately 12 percent more candidates than the previous municipal elections held in 2011.



Better access to medication

Page 4



More homes for Etwatwa community

Page 6

ICT can help improve SA

Page 9

ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Imithi itholakala kalula

Nonkululeko Mathebula

Abantu baseNingizimu Afrika maduze nje sebezothola imithi yabo emishinini okwazi ukuzisiza wena kuyona efana ne-ATM esikhundleni samakhemisi.

Lokhu kuwumphumela wokubambisana phakathi koMnyango Wezempilo kanye nenhlango eyaziwa ngokuthi yi-Right To Care.

Yize lokhu kungakethulwa ngokusemthethweni, Uphiko Olukhipha Imithi Yasekhemisi (i-PDU) oluseqophelweni lomhlaba luyasebenza njengamanje eSibhedlela iHelen Joseph, e-Alexandra, eGoli kanye naseSibhedlela iSteve Biko Academic esisePitoli.

Inhloso yobuchwepheshe obusha ukunciphisa imigqa emide kanye nokwenza ngcono ukuhanjiswa kwezidingo kubantu, kanye nokuhlinzekwa kohlelo lokunakekelwa kwezempilo oluseqophelweni eliphezulu.

Ekhuluma ne-Vuk'uzenzele

ngesikhathi sokuhanjelwa kweSibhedlela iHelen Joseph, uDavid Molele, owenza umsebenzi wemishini ezisebenzela ngokwayo kanye nokwesekwa kohlelokusebenza lwe-Right-e pharmacy, uthe lo mshini uzophinda unciphise amaginxinginx okwenziwa komsebenzi.

“Uhlelo olwamukelwe ngezandla ezifudumele yilabo asebeke balusebenzisa kuze kube yimanje selusinciphisile isikhathi sokulinda

“Uhlelo luphinde labona isikhathi sokulinda ukulanda imithi sincishiswa siya phakathi kwemizuzu eyi-15 nengama-20.”

ezikhungweni zikahulumeni.

“Uhlelo luphinde labona isikhathi sokulinda ukulanda imithi sincishiswa siya phakathi kwemizuzu eyi-15 nemizuzu engama-20 futhi-ke yilokho esikufunayo,” kusho uMolele.

I-PDU isebenza njengom-

shini wokukhipha imali ebhange, i-ATM. Ukuze bathole imithi yabo, abantu kuzomele baqale ngokubhalisela le nsizakalo. Okulandelayo bazobe sebethola ikhadi elifana nekhadi lasebhange. Ukuze bakwazi “ukukhipha” imithi yabo, abantu kuzomele bafake ikhadi labo emshinini we-PDU, bafake i-PIN yabo bese bekhetha imithi abayifunayo ohlwini lwemithi esencwadini yabo yemithi.

NgokukaMolele, inhloso ukuba lolu hlelo lutholakale ezindaweni ezinjengasezinxanxatheleni zezitolo kanye nasemizileni yamatekisi ukuvumela abantu ukuba bakwazi ukuthola kalula imithi yabo ngesikhathi abayifuna ngaso. Uhlelo lwe-ATM seluyatholakala kakade e-Alex Plaza, e-Alexandra, eNdo-faya Mall eSoweto, kanjalo naseDiepsloot.

Ukuthola imithi ngale ndlela kusemathubeni okwenza kube lula kubantu abathola imishanguzo yegciwane lesandulelangculazi (i-HIV) uku-



Uphiko Olukhipha Imithi Yasekhemisi luzonikeza iziguli ithuba lokufinyelela ukunakekelwa kwezempilo okuseqophelweni eliphezulu.

ba bathole imithi yabo.

Ekhuluma eNgqungqutheleni Yengculazi (i-AIDS) Yomhlaba Wonke ebibanjelwe e-Durban kamuva nje, uNgqongqoshe Wezempilo u-Aaron Motsoaledi uthe iNingizimu Afrika inohlelo olukhulukazi lemishanguzo yesandulelangculazi emhlabeni wonke jikelele.

Isibalo seziguli ezithatha imishanguzo eminyakeni engama-30 edlule sesikhuphukile sisuka kwizi-400 000 saya ngaphezulu kwezigididi ezingu-3.4.

Nakuba kunjalo, isibalo sabasebenzi bokunakekelwa kwezempilo asikhuphukanga ukuze silingane nenani leziguli, nokuholela esikhathini esiningi ezigulini ezinexhala kanye nokushoda kokubambelana kwezigididi ekwelashweni kwazo.

“Ngaleyo ndlela kuphoqelekile ukuba sisingathe zonke izinyathelo ezikhona ukwenza kube lula kubantu ukuqhubeka nokuthatha imishanguzo yabo,” kusho uNgqongqoshe uMotsoaledi. ■

Ukuqondana komnkantsha wamathambo kunikeza ithemba

Noluthando Mkhize

I-leukaemia yashintsha impi- lo kaSibongile Mkhwanazi (oneminyaka engama-21 ubudala) ngendlela emangalisayo eminyakeni emihlanu edlule.

Wayehlala nomama wakhe eKroonstad, eFreyistata, ngenkathi ehlonzelwa lesi simo.

“Impilo yami yaphenduka ngokuphazima kweso. Ngasuka ekubeni itshitshi elijwayelekile ngatshelwa ukuthi nginesifo esibeka impilo yami engcupheni.

“Nganginezinduna ebusweni bami ezaqala ukudumba. Lokhu kwenza umama wami ukuba asukume ayofuna usizo labodokotela. Ngaba ntekenteke futhi nomsebenzi wami wesikole waphazamiseka ngabe sengiyeka ukufunda ngaleyo ndlela.”

Emva kokuhlonzwa ukuthi une-leukaemia uSibongile walaliswa esibhedlela izinyanga eziyisithupha. Ngalesi sikhathi wazizwa ephelile yithemba.

“Ngazizwa ... ngihlukile kakhulu kwezinye izingane esikoleni sami futhi ngangingakwazi ukubekezelela ukubona umama wami ephuke inhliziyi ngaleyo ndlela.”

Njalo ngonyaka izinkulu-

ngwane zabantu baseNingizimu Afrika zihlonzelwa ukuba ne-leukaemia, umdlavuzi wegazi owake wathathwa njengobulalayo kuqala.

Kulezi zinsuku i-leukaemia yelashwa ngempumelelo enkulu ekhula mihla namalanga. Lokhu kunjengokusho kuka-Dkt Guni Goolab uMphathi omkhulu weSikimu Sezokwelapha Sabasebenzi Bakahulumeni (u-GEMS).

UDkt Goolab uthe ukuthuthukiswa nokusungulwa kwemithi yomdlavuzi sekuthuthuke ngale ndlela yokuthi i-leukaemia kanye nezinye izinhlobo zomdlavuzi wegazi ayisathathwa njengesifo esifana nesigwebo sentambo.

“Isibalo salabo abasinda kwi-lymphocytic leukaemia ebucayi, uhlobo lomdlavuzi ojwayeleke kakhulu ezinganeni, sesikhuphukile sisuka ku-3% saya cishe kuma-90% eminyakeni engama-40 edlule ngosizo lokwelashwa okukhethekile okunjengokufakelwa umnkantsha wamathambo, okusizayo ukuhlamba izinhlayiyana zomdlavuzi emzimbeni wesiguli,” kusho uDkt Goolab.

USibongile usaqhubeka nokuhlolwa zikhathi zonke kanti odokotela sebenike yena kanye

nomama wakhe ithemba.

“Kamuva nje odokotela bangitshele ukuthi sebemtholile umuntu ozonikela ngomnkantsha wamathambo kanti-ke njengamanje basalungiselela umzimba wami ukuba ulungele ukuhlinzwa.”

Kubantu abaningi abaphe- thwe yi-leukaemia, ukufakelwa isiqu senhlayiya yomnkantsha wamathambo kuvamise ukuba yithemba lokugcina lokusinda.

Yilapho-ke izinhlangano ezinjenge-Sunflower Fund zisiza khona.

Ngabe ubuwazi?

- Amathisipuni amabili kuphela egazi adingekayo ukuze ubhalise njengomuntu onikela ngegazi.
- Ukunikela ngeziqu zezinhlayiya zomnkantsha wamathambo akusebuhlungu kunokunikela ngegazi.
- Kudingeka ube phakathi kweminyaka eyi-18 nama-50 futhi ube nesisindo esingaphezulu kuka-50kg ukuze ukwazi ukunikela.
- Ithuba lokuthola umaqondana lilodwa kubantu abayizi-100 000.
- Umuntu oyedwa kubantu baseNingizimu Afrika abayizi-100 000 uzohlonzelwa ukuba ne-leukaemia.
- I-leukaemia iwukukhiqizwa ngobuningi kwezinhlayiya zegazi ezimhlophe ezingasebenzi ezibe sezidukisa izinhlayiya zegazi ezijwayelekile ezinempilo ezibovu, ezimhlophe kanye nama-platelet bese zenza umzimba ube ntekenteke.

I-Sunflower Fund iyinhlangano engekho ngaphansi kuka- hulumeni (i-NGO) ezinikele ukukhulisa Uhlu Lokunikela Ngomnkantsha Wamathambo iaseNingizimu Afrika (i-SAB-MR) ngokuqongelela izimali ezidingekayo ukukhokhela izindleko zokuhlola izicubu zomzimba.

Amathuba okuthola umaqondana womnkantsha wamathambo aphansi – umuntu oyedwa kwabayizi-100 000 ozokuba wumaqondana wakho. Yingakho i-Sunflower Fund

isebenza ukugququzela bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba babhalise ku-Hlu Lokunikela Ngomnkantsha Wamathambo. Ukubhalisa kwirejista kulula futhi kubandakanya nje ukuthatha isampula legazi ukuqagula ukuthi ngabe ungaba yini ngomunye wabantu abanganikela ngomnkantsha wamathambo komunye umuntu ngelinye ilanga.

USibongile unxuse bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba bafunde mayelana ne-leukaemia futhi basindise izimpilo zabantu.

“Ngithanda ukunxusa abantu baseNingizimu Afrika ukuba bazicije ngolwazi mayelana ne-leukaemia ukuze basindise izimpilo zabantu abaningi.”

Ngolwazi oluthe xaxa, shayela inombolo yamahhala yakwa-Sunflower Fund ku: 0800 121 082 ukuze ube ngomunye wabanikelayo, noma ungene ku-www.sunflowerfund.org.za.

***Ukubika okwengeziwe okuvela eSikimini Sezokwelapha Sabasebenzi Bakahulumeni.**

Umphakathi wase-Etzwatwa uthole ezinye izindlu

Nonkululeko Mathebula

Abahlali base-Combi-za Extension 35 Etzwatwa, Ekurhuleni, manje sebengabanikazi bemizi abazigqajayo bezindlu eziphucukile.

Izinsuku zokuhlala emikhukhwini kanye nokuqasha emagunjini angemuva kwezindlu zifike esiphethweni ngenkathi uSodolobha osephuma esikhundleni weDolobakazi lase-Ekurhuleni uMondli Gungubele kanye neLungu leKomidi kaSodolobha Lezokuhlaliswa Kwabantu u-Aubrey Nxumalo benikezela ngezindlu ezingama-70 kubahlali basendaweni. Ekhuluma lapho bekunikezelwa khona ngalezi zindlu uGungubele uthe lezi zindlu ziphucukile futhi zizonikeza abahlali isidima sokuhlonipheka.

“Njengedolobha sikhapha lezi zindlu ezintsha ceke sizinike abantu abafanelekileyo, njengengxenywe yohlelo lwethu lokwakha izindlu.

“Sihlela ukwakha ezinye

izindlu eziyizi-8 000 eku-pheleni kwalo nyaka wezimali futhi sinxusa abanikazi bemizi abasha ukuba bagcine izindawo abahlala kuzona zihlanzekile futhi bangakhi imijondolo emajalidini wabo,” kusho yena.

Lezi zindlu zinamagu-

“Manje sengingahlala endlini yami ngokuthula ngaphandle kokukhathazeka ukuthi kuzokwenzekani ezimpahleni zami lapho kunetha imvula.”

mbi okulala amabili, igumbi lokugeza elilodwa, ikhishi elivulekile elihlangene negumbi lokuphumula nokudlela. Le ndawo entsha yokuhlala izokuba nemigwaqo enetiyele, ugesi, uhlelo lokuqoqwa kwemfucuzane, amapaki okungcebeleka, izikhungo zezinkulisa nokuthuthukiswa kwezinyane kanye nokukwazi ukufinyelela izinto zoku-



UPertunia Mnyakeni ungumnikazi womuzi ogcwele intokozo. Lapha ubonakala neLungu Lekomidi Kasodolobha u-Aubrey Nxumalo (kwesokunxele) kanye noSodolobha wase-Ekurhuleni uMondli Gungubele.

thutha umpakathi, ezinjengamarenki amatekisi.

Omunye wabantu abahlomulile uPetrus Mashego (oneminyaka engama-45 ubudala) ubehlala emkhukhwini iminyaka engama-22 edlule.

“Ngijabule kakhulu, kumina lokhu kusafana nephupho. Manje sengingahlala endlini yami ngokuthula ngaphandle kokukhathazeka ukuthi kuzokwenzekani ezimpahleni zami lapho kunetha imvula,” ku-

sho yena.

UNxumalo utshele i-Vuk'uzenzele ukuthi lo mnyakazo uhambelana nokufezekisa izithembiso zikahulumeni.

“Ngesikhathi siqokelwa ezikhundleni zokuphata kuhulumeni wasekhaya ngonyaka wezi-2011 senza isibophezelo kubantu bakithi ukuthi izinto zizoshintsha futhi sizokwakha impilo engcono yawo wonke umuntu.

“Njengomphumela walo-

kho sesakhe izindlu ezingaphezudlwana kwama-300 eCombiza kanti ezinye izindlu zizokwakhiwa futhi zinikezelwe ezindaweni ezihlukene ngaphakathi kwaleli dolobha. Lokhu kwukuqhubeka nokunikeza abantu bakithi isithunzi sokuhlonipheka,” kusho uNxumalo.

Wengeze ngokuthi kuzoqalwa ngabantu abadala, abantu abaphila nokukhubazeka kanye namakhaya aphethwe yizingane. ▀

Izindlu zakhelwe abantu baseThoyane

Thandeka Ngobese

Imindeni eyayincishwe amathuba ngaphambilini evela kuMasipala Wendawo iVulamehlo KwaZulu-Natali manje seyihlala ezindlini eziphucukile, konke lokhu kwenzeka ngenxa yosizo Lomnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu waKwaZulu-Natali.

Umklamo wezezindlu wezigidi zamarandi eziyi-161 wabantu baseThoyane unikezelwe nguNgqongqoshe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi uRavigasen Pillay muva nje. Izindlu eziyi-1 500 ziyingxenywe yoHlelo lukahulumeni Olubanzi Lokuthuthukiswa Kwezindawo Ezisemakhaya oluhlose ukulwisana nentuthuko engekho ezingeni, ukudla okwanele, ukusweleka kwemisebenzi, ubuphofu kanye nezinye izihlava ezeziphenduke insakavukela umchilo wesidwaba ezindaweni ezisemakhaya.

Omunye wabantu abahlomulile uNtombizonke Maphumulo (oneminyaka engama-52 ubudala) utshele i-Vuk'uzenzele ukuthi ubengasebenzi futhi engakwazi ukuzakhela indlu.



USodolobha woMasipala iVulamehlo uMnu Thabani Dube kanye noNgqongqoshe Wesifundazwe Wezokuhlaliswa Kwabantu kanye Nemisebenzi Yomphakathi uRavigasen Pillay banikezela ngendlu kuNtombizonke Maphumulo.

“Ngingumzali ongayedwana onezingane ezintathu kanye nomzukululo oyedwa. Bonke abasebenzi kanti ingane yokugcina isangena isikole. Siphila ngesibonelelomali sezingane. Sibonga uhulumeni ngokusihlinzeka ngendlu ephucukile,” kusho yena.

UNgqongqoshe Wesifundazwe uPillay uthe uhulumeni wesifundazwe usakhe izindlu ezingaphezu kwezi-800 000 kusukela ngonyaka we-1994 kanti futhi usesungule amathuba ezindlu angaphezu kwezi-80 000 ngokusebenzisa uhlelo lwezindawo zokwakha

esezifakwe izidingongqangi.

“Siyazi ukuthi siqhamukaphi futhi sazi kahle kamhlophe ukuthi siyaphi. Lo hulumeni unecebo futhi uzimisele ukubona icebo lakhe lifezekiswa ngempumelelo,” kusho yena.

Wengeze ngokuthi Umklamo

“Ngangilokhu ngiphupha ngokuba nendlu ephucukile ngelinye ilanga.”

Wokwakhiwa Kwezindlu Zendawo Esemakhaya yaseThoyane ukhombise ukuzinikela

kukahulumeni ekusunguleni izindawo zokuhlala abantu eziqinile.

“Eminyakeni emithathu ezayo, kuze kube ngowezi-2019, sizibophezele ukuhlinzeka ngamathuba ezindlu ayisigidi esisodwa emindenini efanelekile ezindaweni zokuhlaliswa kwabantu ezisemadlobheni nezisemakhaya.

Siphinde sibe nomunye umklamo obizwa ngokuthi Umklamo Wokwakhiwa Kwezindlu Zasezindaweni Ezisemakhaya i-Vulamehlo Ward 5 and 7. Lo mklamo wezigidi zamarandi ezingama-215 uzohlomulisa

abantu abayizi-2 000 kulezi zigceme ezimbili.”

Omunye umuntu ohlomulile uNomvula Nzimakwe (oneminyaka engama-47 ubudala) utshele i-Vuk'uzenzele ukuthi iphupho lakhe selize lafezeka ekugcineni. “Ngangilokhu ngiphupha ngokuba nendlu ephucukile ngelinye ilanga. Sengihlale la emkhukhwini iminyaka eyishumi. Ngezi-nsuku lapho imvula inetha khona bengilala emanzini. Lonke uphahla lwendlu beluvuza. Sibonga uhulumeni ngale ndlu ezoletsa isidima sokuhlonipheka emndenini wami, “kusho yena.

Umklamo Wokwakhiwa Kwezindlu Zendawo Esemakhaya yaseThoyane uphinde wasungula imisebenzi engaphezu kwama-400.

USodolobha waseVulamehlo uMnu Thabani Dube uthe uhulumeni ufezekisa izithembiso zakhe.

“Bonke abantu abafanelekile bazozithola nakanjani izindlu. Lesi yisigaba sokuqala somklamo kanti isigaba sesibili sisezinhlweni zaso njengoba eshilo uNgqongqoshe Wesifundazwe,” kusho yena. ▀